IBhayibheli LaBantwana

Likulethela



Inkosi
Enhle
Eyisiwula

Ibhalwe ngu: Edward Hughes

Kwabonakala ngu: Janie Forest; Alastair P.

Ifanekiswe ngu: Lyn Doerksen

Itolikwe ngu: Goodwill Sithembiso Gwala

Ikhiqizwe ngu: Bible for Children

www.M1914.org

©2022 Bible for Children, Inc.
iLayisensi: Abantu bangazithathela noma bephrinte izinto kulendaba egunyazwe ngokomthetho kodwa akumele bazidayise.

uSamuweli, umahluleli nomhholi wakwa-Israyeli wayesemdala. Wabeka amadodana akhe abe abahluleli phezu kuka Israyeli, esikhundleni sakhe enkonzweni kaNkulunkuku. Kodwa amadodana kaSamuweli ayekhohlakele. Babeyithanda imali futhi besebenzisa amandla ukuze bathole imali



ngokungathembeki.

Abantu bahlupheka ngenxa yobubi bamadodana. Izinkatolo bezingenabo ubulungiswa. Abantu kwakumele bakhokhele amadodana kaSamuwel njalo uma befuna usizo.

Kwakufanele kwenziwe okuthize. Ngelinye ilanga abadala bakwa Israyeli babuthana ndawonye bacela usizo kuSamuweli.

“Sinike inkosi ezosahlulela,” amadoda amadala abuza. Ayengafuni amadodana amabi kaSamuweli ukuba abahlulele. Ayefuna inkosi njengazo zonke izizwe ezaziwazungezile.



USamuweli wathukuthela. U-Israyeli wayesenenkosi kakade! UNkulunkulu uSomandla, oPhakade, wabusa u-Israyeli. Esikhathini esidala esidlulile, Wabakhipha ebugqilini baseGibhithe, ebavulela uLwandle oLubomvu ukuze babaleke.



Wayesenika u-Israyeli
izwe labo elihle.

Lapho uSamuweli ekhuleka, uJehova wathi, "Abakulahlanga wena, kodwa balahle Mina, ukuze ngingabusi phezu kwabo. Bakhonze abanye onkulunkulu. Lalela izikhalo zabo ubenzele inkosi."



UNkulunkulu watshela uSamuweli ukuba axhwayise abantu



ukuthi inkosi yabo yasemhlabeni yayizothatha imali yabo ngentela; azisize emasimini abo amahle kakhulu nezivuno; afake amadodana abo emabuthweni akhe; futhi uzoyala namadodakazi abo ukuba amusebenzele.


Isivini Sasebukhosini
Kodwa abantu babefuna inkosi noma kunjalo.
Phumela

UNkulunkulu waholela uSamuweli endodeni eyayiyinhle, inamahloni, futhi iYINDE kakhulu - yayiyinde edlula amakhanda awowonke umuntu. Igama layo kwakunguSawule. Lapho uSamuweli ebona uSawule, uJehova wathi, “Lo uyokuba inkosi abuse abantu bami.”

Ngokulalela, uSamuweli
wagcoba uSawule
ukube abe yinkosi
yakwa-Israyeli.
Lapho eletha uSawuli
phambi kwabantwana
bakwa-Israyeli
bamemeza bathi
“Phila Njalo Nkosi.”

Ngokushesha inkosi uSawule yavivinywa.
Abakwa-Amoni, ababezonda i-Israyeli, bazungeza umuzi ka-Israyeli basongela ukuthi bazokhipha wonke umuntu iso lwesokudla. Icebo elinonya ngempela!

Lapho amabutho
ehlangana, uSawule
wabhubhisa
ama-Amoni
wakhulula idolobha.
Inkosi uSawule
yanikeza
uNkulunkulu
inkazumulo, yathi
"... namhlanje
uJehova ufezile
ukusindiswa
kukwa-Israyeli!"

UNkulunkulu wanika uSawule isinqobo esikhulu ngalolosuku. Kodwa uSawule wayengamhloniphi uNkulunkulu ngaso sonke isikhathi. Ngelinye ilanga, phambi kokuba alwe namaFilisti, USawule wenza isihlatshelo kuNkulunkulu.



Wayazi ukuthi lowo kwakungumsebenzi kaSamuweli.
Wayazi ukuthi uNkulunkulu wayefuna alinde uSamuweli aze azowenza. Kodwa uSawule akazange amulalele uNkulunkulu.



Lapho uSamuweli efika, wathi kuSawule,
"Wenze ubuwula. Awugcinanga umyalelo
kaJEHOVA uNkulunkulu wakho. Manje umbuso
wakho ngeke usaqhubeka."



Kungenzeka uSawule wacabanga ukuthi kwakuyisono esincane. Kodwa ukungamlaleli uNkulunkulu kubi ngasosonke isikhathi.

Ngesinye isikhathi, UNkukunkulu wayala uSawule ukuba abhubhise ama-Amaleki. Kodwa uSawule nabantu basindisa inkosi u-Agagi inkosi yama-Amaleki.



Babuye bagcina izinto eziyigugu, izimvu nezinkabi. USawule wathi bebezigcina lezinto ukuthi bahlabele uNkulunkulu.

USamuweli wathi kuSawule, “Ukulalela kungcono kunomhlatshelo. Ulilahlile izwi likaJehova, futhi inkosi yalile ukuba ube yinkosi phezu kuka-Israyeli.” USawuli wazisola kakhulu ngesono sakhe. Kodwa kwase kuphuze kakhulu. Impilo yakhe yonke yayingamthokozisi ngoba akazange alalele uNkulunkulu.

Inkosi Enhle Eyisiwula

Indaba evela kwiZwi laNkulunkulu,
iBhayibheli,

Itholakala

1 Samuweli 8-16

"Ukwambulwa kwaMazwi Akho kuyakhanyisa."
AmaHubo 119:130

Yaphela

Lendaba yeBhayibheli isitshela ngoNkulunkulu wethu uyisimanga owasidala futhi ofuna ukuthi wena wazane Naye.

UNkulunkulu uyazi ukuthi senze izinto ezimbi, Azibiza ngesono. Isigwebo sesono ukufa, ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana Yakhe ezelwe yodwa ukuba izosifela esiphambanweni igwetshelwe izono zethu. UJesu wase evuka ekufeni wanyukela ezulwini ekhaya lakhe! Uma ukholwelwa kuJesu futhi uma Umcela ukuthi akuthethelele izono zakho, Uzokwenza lokho! Uzoza ezophile ngaphakathi kwakho manje, futhi uzophila Naye kuze kube ingunaphakade.

Uma ukholwa ukuthi iqiniso leli, ithi kuNkulunkulu:
Nkosi Jesu, Ngiyakholwa ukuthi wena unguNkulunkulu, futhi wehla ezulwini waba inyama ukuze ufele izono zami, wavuka ekufeni usuyaphila futhi. Ngicela ungene empilweni yami ungithethelele izono zami, ukuze ngizokwazi ukuba nempilo entsha, ukuze ngiyokwazi ukuba Nawe kuze kube phakade. Ngisize ukuba ngilalele Wena futhi ngiphilele Wena njengomntwana Wakho. Ameni.

Funda iBhayibheli futhi khuluma noNkulunkulu nsuku zonke! Johane 3:16